



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA NONYAKA 2015 IBANGA 2 ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA ISIVIVINYO

AMAMAKI

AMAMAKI: 30

ISIKHATHI: 1 Ihora

ISIFUNDAZWE _____

ISIFUNDA _____

ISEKETHE _____

ISIKOLE _____

INOMBOLO YE-EMIS (9 amadijithi)

--	--	--	--	--	--	--	--	--

IKILASI (Isib. 2A) _____

ISIBONGO _____

IGAMA _____

UBULILI (✓)

UMFANA

INTOMBAZANE

USUKU LOKUZALWA

C	C	Y	Y	M	M	D	D
---	---	---	---	---	---	---	---


Lesi sivivinyo sinamakhasi ayi-13 ngaphandle kwekhava.

I Miyalelo kuthisha:

1. Fundela abafundi umbuzo/umyalelo ngamunye uzwakale kahle futhi ungasheshi.
2. Funda kabili imibuzo/imiyalelo ngenkathi abafundi belandela ezincwadini zabo.
3. Ungabachazeli imibuzo noma imiyalelo.
4. Banike isikhathi sokubhala izimpendulo ngokwabo, ezikhaleni ezinikeziwe. Ungabalekeleli ukuphendula imibuzo.
5. Uma sebeqedile, qhubeka ufunde umbuzo noma umyalelo olandelayo.
6. Landela le ndlela uze uyofika embuzweni wokugcina.
7. Yenza imisebenzi yokulungiselela nabafundi.

I misebenzi yokuzilungiselela:

1. Faka uphawu (x) phezu kohlamvu olusebhokisini elingenhla elinempendulo efanele. Yini lena?



Leli ...

A	B	C	D
inj a.	inkomo.	isikhukhukazi.	ikati.

Uphendule ngokufanele uma ufake uphawu phezu ko'D'.

2. Bhala izinombolo 1-4 emabhokisini ukukhombisa indlela efanele okumele uyilandele uma uxubha amazinyo akho.

Manzisa isixubho sakho.	
Yakaza umlomo wakho ngamanzi.	
Hlikihla amazinyo akho ngesixubho.	
Faka umuthi esixubheni sakho.	

Uphendule ngokufanele uma ulandelanise ngokubhala izinombolo ezimishweni ngale ndlela: 1, 4, 3, 2.

3. Kokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo efanele. Ngigqoka ... uma ngiyodlala ikhilikithi.

- A isigqulo.
- B isigqoko.
- C isigqiki.
- D isigqala.

Uphendule ngokufanele uma ukokelezele u'B'.


Esivinyweni sakho uzophendula eminye imibuzo efana nale osuyiphendulile.

I sivinyo sakho siqala ekhasini elilandelayo.

1.1 Buka isithombe esingezansi. Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo eFanele.

Yini ekhonj iswe esithombeni?

Lesi sithombe sikhombisa ...



- A inyoni.
- B indlovu.
- C imvu.
- D isikebhe.

1.2 Buka amagama asemabhokisini.

Bhala igama elihambisana nesithombe emgqeni.

usheleni	ishubhu	ibhulashi	ishadi
----------	---------	-----------	--------



1.3 Kokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo eFanele.
Ngabe umqeqeshi webhola lezinyawo ushayani?

- A impilo.
- B impompi.
- C impempe.
- D impuphu.

1.4 Faka uphawu (x) phakathi kwebhokisi elinempendulo eFanele.
Umama ubhakankwa.

umu-	ulu-	isi-	aba-
------	------	------	------

1.5 Faka uphawu (x) phezu kohlamvu olusebhokisini elingenhla kwempendulo eFanele.
Abafana belusa izi.....

A	B	C	D
-khomo.	-nkomo.	-klomo.	-mkomo.

Funda indaba engezansi bese uphendula imibuzo 2-8.

UMnumzane noNkosikazi Shabangu babehlala epulazini nezingane zabo, uThoko noThemba. UNkosikazi Shabangu noThoko babhaka izinkwa nsuku zonke bahlanze izitebele. AbakwaMsibi, Tembe nabakwaZulu bathanda ukuvakashela abakwaShabangu. Izingane zazinakekela izinkukhu namadada. UMnumzane Shabangu wayebhekelela izinkomo nezimvu.

Ngolunye usuku umndeni wawuthokozela isidlo sephikhinikhi emini okwakuwushizi, amashibusi, namaqatha enyama yemvu. Ngaso leso sikhathi kwenzeka inhlekelele yengozi. Ugandaganda waphelwa amabhuleki, wabonakala wehla kancane uqonde ezansi. Wezwakala uMnumzane Shabangu ememeza exwayisa umndeni wakhe. Wehla njalo ugandaganda ugingqika wayongena edamini. Umndeni wagijima emva kwawo, nawo wangena emanzini.

UMnumzane Shabangu wabophela isipani sezinkabi ukuba sidonse ugandaganda. Umndeni wonke wajabula ngoba akekho owalimala.

[Isungulwe e-DBE]

2. Faka uphawu (x) eduze kwebhokisi elinempendulo eFanele.
Yisiphi isihloko esifanele le ndaba?

I pulazi lezinkukhu	
Ugandaganda owaphelelwa amabhuleki	
I pulazi lezimvu	
I pulazi lama-aphula	

3. Faka uphawu (x) eduze kwebhokisi elinempendulo eFanele.
Ubani owayenezingane ezimbili?

UMnumzane noNkosikazi Shabangu	
UMnumzane noNkosikazi Sibisi	
UMnumzane noNkosikazi Maphanga	
UMnumzane noNkosikazi Ntuli	

4. Qedela umusho.
Wawuhlalaphi umndeni wakwaShabangu?
Umndeni wakwaShabangu wawuhlala

5. Khombisa ukulandelana kwezigameko endabeni.

Bhala izinombolo 1-4 ukuveza ukulandelana kwezigameko.

Umndeni wawudla isidlo sephikinikhi emini.	
Umndeni wakwaShabangu wawuhlala epulazini.	
I sipani sezinkabi sawudonsa ugandaganda edamini.	
I zingane zazinakekela izinkukhu namadada.	

6. Faka uphawu (x) eduze kwebhokisi elinempendulo eFanele.

Ugandaganda wehla kancane uqonde ezansi ngoba ...

amasondo ayemancane.	
ugandaganda wawusinda.	
waphelelwa amabhuleki.	
amasondo ayemakhulu.	

7. Faka uphawu (x) eduze kwebhokisi elinempendulo eFanele.

Kungani babej abule bonke?

Babej abule bonke ngoba ...

umndeni wangena emanzini.	
akekho owalimala emndenini.	
ugandaganda wangena edamini.	
uThemba noThoko bagij ima belandela.	

8. Phendula imibuzo elandelayo.

8.1 Yini oyithandile noma ongayithandanga ngale ndaba?

.....
.....

8.2 Kungani uyithandile noma ungayithandile le ndaba?.

.....
.....

9. Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.

Iliphi igama elisho okufanayo nelithi wethukile?

A uj abhile

B uthukuthele

C uyesaba







D uj abule





























10. Bhala impendulo eFanele emgqeni onikeziwe.

Yiliphi igama eliphikisana nelithi 'ukukhala'?

Igama eliphikisana nelithi 'ukukhala' elithi

11. Buka igrafu bese uphendula imibuzo 11.1-11.3

I zimpawu Zesimo Sezulu					
					
Libalele	Linamafu ambalwa	Liyana	Linamafu	Liyaduma	Linomoya

I shadi lesimo sezulu likaNhlolanj a						
iSonto	uMsombuluko	uLwesibili	uLwesithathu	uLwesine	uLwesihlanu	uMgqibelo
						
						
						
						

[I sungulwe e-DBE]

11.1 Kokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo eFanele.
Elayiphi inyanga ishadi lesimo sezulu?

- A UNdasa
- B uMbasa
- C uNhlolanj a
- D uNhlanguvana

11.2 Faka uphawu (x) eduze kwempendulo eFanele.
Zingaki izinsuku libalele?

A	9
B	11
C	13
D	20

11.3 Kokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo eFanele.
Zingaki izinsuku sezizonke kuNhlolanj a?

- A 28 izinsuku
- B 7 izinsuku
- C 4 izinsuku
- D 30 izinsuku

12. Kokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo eFanele ukuqedela umusho.

Ingabe le phikhinikhi ..?

A ezakho

B esami

C ezethu

D eyakho

13. Phinda ubhale le misho elandelayo.

Qala ngamagama owanikeziwe.

13.1 UMnu. Shabangu umemeza ukuxwayisa umndeni.

Izolo

.....

13.2 Ugandaganda ugingqikela edamini.

Kusasa

.....

14. Phinda ubhale imisho elandelayo.

14.1 Faka izimpawu zokuloba/izikhanyisi **ezimbili** ezifanele emshweni.

uNomusa ubhaka isinkwa esimnandi

.....


14.2 Faka uphawu **olulodwa** lokuloba/isikhanyisi esifanele emshweni.

Ukuphi ugandaganda

.....

15. I bizo igama lomuntu noma lento ethile.

Buka isithombe bese ubhala ibizo emgqeni.



I zingane zibheke

16. Bhala isigaba esinemisho 5-8 ngesithombe. Qikelela ukubhala izimpawu zokuloba, uhlelo kanye nesipelingi esifanele. Ungafaki izinombolo futhi ungaphindaphindi imisho endabeni yakho.



A large rectangular box containing ten horizontal dotted lines for writing the answer to question 16.

ISAMBA: 30

